isiZulu

# IKUSASA LOHLELO
# LOKWABIWA KOMHLABA

*Iziqephu ezine ngokungase kwenzeke ekwabiweni komhlaba eNingizimu ne-Afrika*

**Lisiphatheleni ikusasa mayelana nohlelo lokwabiwa komhlaba kuleli? Kungenzeka yini loluhlelo luqhutshwe nendlela ephuthumayo? Ingabe wonke umuntu othintekayo uzohlomula? Kumbe kuzohlomula abathize? Ngabe loluhlelo luzokuba namiphi imithelela ekukhiqizweni kokudla? Inqubo yokubusa ngokwentando yeningi yona izothinteka kanjani njengoba isacathula nje? Lena ngeminye yemibuzo eshis'amakhanda ezweni lonke, eveza ukuhlukana kwemibono – eminye imibono inikeza ithemba, eminye yethusa kusal'ozwaneni.**

Ukuhlaziya ikusasa lokwabiwa komhlaba ngeziqephu, kusinika izinkomba zokuthi kuyothi kushaya unyaka ka 2030 sibe sikuphi. Asiqaguli kuhle kwezazi, futhi asenzi iziphakamiso mayelana nokufanele kwenzeke. Sinikeza umfanekiso walokho okungase kwenzeke.

Ngeziqephu ezine – ezixoxa izindatshana – siveza izindlela ezehlukene ezingase zisetshenziswe ukuze kubhekwane nezinselelo zekusasa elingazeki lokubuyiswa komhlaba. Iziqephu lezi zihlukaniswa yimibono engafani mayelana nombuzo wokuthi yini umhlaba. Isiqephu ngasinye siveza imiphumela yezenzo zabantu abehlukene kuloludaba lwezemihlaba, kukhonjiswa ukuthi ngobani abahlomulayo nokuthi ngobani abasala dengwane.

ISIQEPHU SOKUQALA:
**OGOMBELA KWESABO!**
***"Indatshana ngokulawula ngomhlaba"***
Lesi, yisiqephu esixoxa indaba yalabo abasebenzisa izikhundla zabo ukuze bazitapele, umphakathi usale dengwane.

ISIQEPHU SESITHATHU:
**ONDLOV'IYANGENA!**
***"Indatshana yokuhlwitha umhlaba"***
Indlala nenhlupheko kudala umkhankaso wokuthatha umhlaba ngenkani, kugcine kudliwa umhlaba ngaphandle kwesinxephezelo - kuvunwa wushintsho kuMthethosisekelo.



ISIQEPHU SESIBILI:
**ONDLEB'EZIKHANY'LANGA ABAMNYAMA!**
***"Indatshana ngokubuka umhlaba ngokomkhiqizo"***
Kulesi siqephu, umhlaba ubuyela kwingcosana yabengabadi futhi uqhubeke nomkhiqizo osezingeni eliphezulu, kodwa abalimi abafufusayo nemiphakathi eminingi ayinasabelo, amathuba dwe.

ISIQEPHU SESINE:
**OVUS'ISIZWE!**
***"Indaba ngokuhlanganyela izwe"***
Indatshana eyembathisa bonke abathintekayo ekwabiweni komhlaba, ikakhulu labo abadla imbuya nothi.

**Lezizindatshana zakhelwe ukukhathaza ingxoxo engaholela ekuphenduleni imibuzo enzima ephathelene nokubuyiswa komhlaba. Inhloso yalezizindatshana ukuthi kwakheke uhlaka olwamukelekile olungalandelwa kwizingxoxo, izinkulumo-mpikiswano nokuthathwa kwezinqumo ezingasiholela kwikusasa lokubuyiswa komhlaba ngendlela ehlangabezana nezinselelo kanye namathuba angase avele.**

## MAYELANA NEZIQEPHU

Zonke iziqephu ziqala ngobunzima obunqala ebhekene nabo iNingizimu Afrika, onyakeni ka 2016. Umnotho okhula ngonyawo lonwabu, ububha kanye negebe phakathi kwezigwili nabantulayo – konke kwacha ifu elimnyama phezu kombuso omusha wentando yeningi. Iqembu elibusayo lingaphansi kwengcindezi ekhulayo kwezombusazwe. Amabhizinisi ayaxega, kumnyama kakhulu kwezolimo. Ikati lilele eziko emiphakathini esezabelweni, ngenxa yesomiso akukho ndlela yokufinyelela kwizinsiza zansuku-zonke.

Imimoya iyahluthuka, lukhulu olulindelwe ngokwezithembiso zikaHulumeni zokunyusa isivinini sokubuyisa umhlaba kanye nokwengeza umthamo womhlaba obuyiselwe abantu bengabadi. Ingxenye enkulu yomhlaba obuyele emiphakathini ezabelweni idlala ukhula, imizamo yezolimo efa namthanyana, ikhomba indlala.

Ithimba elibumbe lezi ziqephu, lithe uma liqagula isithombe sika 2030, lazinika isikhathi eside lixoxa ngalokho okwazekayo kanye nalokho okungazeki ngekusasa lokubuyiswa komhlaba.

Izinga eliphezulu lobubha kanye nokungalingani ngokomnotho kuqagulwe njengalokho okungangabazeki ukuthi kusazoqhubeka: ingcebo isazonswinyeka ngokwendalo, ngezomnotho kanye ngokwamakhono; busazoqhubeka ubuholi obungena-qiniso kanye nenkohlakalo kanti futhi nemiphumela yesomiso isazoqhubeka nokukhahlameza isimo sempilo. Ngenxa yalokhu, zonke iziqephu zithakwe ngendlela edidiyela ububha, ukungaligani ngokomnotho, ukunswinyeka kwengcebo kanye nesomiso – okungangatshazwa ukuthi kusazoqhubeka.

Ithimba livumile-ke kodwa ukuthi kunezinkomba ekungazeki ukuthi zithini ngekusasa lezemihlaba: hlobo luni lobuholi esingalulindela kwiziphathi-mandla zikahulumeni, kubaholi bamabhizinisi, kocaphuna-kusale (abasha nabadala), komahamb'ehlala, kubaholi bendabuko, kwintsha, nakubalimi asebesimeme uma bengathola ithuba lokulawula izinqumo ngekusasa lokubuyiswa komhlaba? Zisiphatheleni izinguquko kwisimo sombusazwe? Ingabe umnotho uzosimama? Yiziphi izinguquko kwizindlela zokusetshenziswa komhlaba ekumele sizilendele? Ikhona indlela yokwakha umbono kazwelonke kwezokubuyiswa komhlaba?

## UKWAKHIWA KWEZIQEPHU KANYE NETHIMBA ELENZE LOMSEBENZI

Lomsebenzi wokwakha uchunge-chunge lweziqephu ezixoxa indaba yalokho okungenzeka kwezokubuyiswa komhlaba eNingizimu Afrika ubuholwa futhi uxhaswe yiVumelana Advisory Fund, ngokubambisana nenkampani yakwaReos PArtners yona iqashwe yiVumelana Advisory Fund ukuze yengamele lomsebenzi.

Ithimba ebelijudwe ukuthi lipheke libonde leziziqephu lona belididiyelwe ngendlela yokuthi kumeleleke zonke izinhlaka zabantu abathinteka ngqo kwezokubuyiswa kwemihlaba. Sikhuluma ngamalunga ahlonishwayo ezinhlakeni asebenza kuzo. Ithimba leli lakhiwe ngamalunga avela ezinkalweni ezehlukene (ngokwezinhlaka zokusebenza, ngokwamaqhinga okuhlaziya impilo, ngokwamakhono kanye nangokokuhlala). Kulabo abekade beyingxenye yethimba singabalula iziphathimandla kuhulumeni, abaholi kwezamabhizinisi, abaholi bendabuko, ochwepheshe kwezemfundo, abefundisi, abaholi bezinhlangano zemiphakhathi kanye norhide lwabanye ochwepheshe nezazi ezisebenza kwezokwabiwa kwemihlaba.

Ithimba lisebenze ngokwakha iziqephu – yilokhu okwenze lomsebenzi walula, amalunga akwazi ukungena kwizingxoxo-mpikiswano ezinothile ngaphandle kokuzibophezela ngokwemigomo thizeni yokusebenza– angithi phela kuqanjwa izindatshana. Yingakho-nje ungathola ukuthi kunokuthize kwisiqephu ngasinye okuphikisana nemibono yalelo nalelo lunga lethimba (wamukela ukuqanjwa kwesiqephu ngemifakela yawo onke amalunga ethimba, noma ngabe kunemifakela ongavumelani nayo kuleso siqephu). Ithimba livumelana ngokukodwa nje vo: zonke leziziqephu eziqanjwe lapha zingaba yiqiniso kusasa (kepha alisho ukuthi kumele zenzeke lezizigigaba, kumbe lifunga liyagomela ukuthi zizokwenzeka), lithi zingenzeka. Umphumela walokhu ukuthi, ithimba leli aliyona imbumba ethile evumelana ngeziphakamiso ezithile. Eqinisweni, leli yithimba elakhiwe ngabantu abehlukene, abazinikele besebenza ngentshisekelo yokuthi leziziqephu zizokhuthaza ingxoxo esikhanyisela ngekusasa lezokwabiwa komhlaba eNingizimu Afrika, ukuze isizwe sibheke phambili.




## XHUMANA NATHI UKUZE UTHOLE IMININGWANE KU:

**Telephone:** 011 612 2000
**Fax:** 086 603 7910
Vumelana ADVISORY FUND
**Email:** info@landreformfutures.org
**Web:** www.landreformfutures.org